

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

LWEZI 2021

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayisi-10.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendlweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**1.1 UMBHALO A (Ofundwayo)**

- 1.1.1 Isisho/√ - ngeke sakuxoxela muntu/angisoze ngasikhohlwa leso sigameko.√ (2)
- 1.1.2 Yingoba igciwane lakhona litholakale ngonyaka wezi-2019.√ (1)
- 1.1.3 Kwakwenzelwa ukunqanda ukubhebhethaka kwegciwane le-Covid-19.√√ (2)
- 1.1.4
- Abantu baphindela emakhaya besuka ezindaweni ababeye kuzo ngokomsebenzi. √
 - Abanye bakuthola kunzima ukuhlala emakhaya ngenxa yokuhlaselwa indlala. √
 - Abantu baba nengcindezi yokuhlala nemindeni yabo ababengazijwayezanga ukuhlala nayo. √
 - Abazali baphenduka othisha boqobo. √
 - Abefundisi bagcina sebengasenazo izinkonzo futhi bengasaholi. √
 - Kwanda udlame emakhaya. √
- [Okuthathu kwalokhu] (3)
- 1.1.5 A/Lukhulu luyeza luyanyelela.√ (1)
- 1.1.6 La magama achaza ukuthi kuyahlushekwa.√ Abantu abathutha izingane bahlupheka ngenxa yokuvalwa kwezikole.√ Indlala yanda ngoba izingane ezazithola ukudla ezikoleni zaqala ukulamba.√ Bahlupheka abantu abakhokhelwa ngemali yabazali njengezinkulisa nezinye izikole.√ Kwethulwa izinhlelo zokufundisa kusetshenziswa ubuchwepheshe besimanje, abanye abazali bahluleka ukubhekana nalokhu. √ (4)
- 1.1.7 Zombili izigaba zikhuluma ngengcindezi / ngobunzima umphakathi owabhekana nayo ngenxa yegciwane le-Covid-19. √ Esigabeni sesi-3 siveza ukuthi abantu bakuthola kunzima ukuthokozela ukuhlala emakhaya ngaleyo ndlela kwanda udlame olubhekiswe komama nasezinganeni. / Abantu bahlaselwa yindlala abanye bashona ngenxa yokubhuqabhuqwa yilesi sifo √ Kanjalo esigabeni sesi-6 abantu baba nengcindezi yokungayinakekeli impilo njengokuzivocavoca nokungenzi lutho emakhaya. / Abantu bagcwala izibhedlela, abantu baqala ukudla kakhulu ngenxa yengcindezi.√ (3)
- 1.1.8 Lesi sitatimende sinobuqiniso ngoba kuye kwashintsha inqubo elandelwayo uma abantu bengcwaba noma beshadisa. Bebungavunyelwe ukulala nomzimba kamufi ozongcwatshwa ngakusasa. √√
- [Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

- 1.1.9 La mazwi asetshenziswe kahle ngoba umphakathi uzuze ukujwayela ukusebenzisa izindlela ezintsha zokuxhumana kanye nokuphila ✓ ukuncipha kwezindleko zemimbi eyahlukene ngenxa yokuncishiswa kwezibalo zabantu abavunyelwe ukuhambela leyo micimbi. ✓

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa]

(2)
[20]

1.2 UMBHALO B (Obukwayo)

- 1.2.1 Isiguli siphethe umakhalekhukhwini ngoba sikhombisa ukuthi sesiyakwazi ukuxhumana nomndeni. / Sichitha isizungu njengoba izivakashi zingavumelekile ukungena ezibhedlela. ✓✓

(2)

- 1.2.2 Inhlalo ukuvikela ukubhebhethaka kwegciwane le-Covid-19 ✓njengoba umhlengikazi efake isifonyo efreyimini yoku-1 kanjalo nasefreyimini yesi-2 abafundi nothisha bafake izifonyo. ✓

(2)

- 1.2.3 Yomibili le mibhalo iveza ukukhinyabezeka komnotho ngenxa ye-Covid-19 eNingizimu Afrika kanye nasemhlabeni wonke jikelele. ✓✓ UMBHALO A isigaba sesi-4 abantu balahlekelwe imisebenzi amazwe ahluleka ukuhwebelana ngenxa yokuvalwa kwemingcele eminingi. ✓ Kanjalo nasefreyimini yesi-3 UMBHALO B kuyabonakala ukwehla komnotho enyangeni ka-Ephreli kuze kube inyanga ka-Okthoba. ✓

(4)

- 1.2.4 Izingane uma zifika esikoleni zithathwa amazinga okushisa ngaphambi kokungena kwesikole, zima ngokugqagqana kolayini kuphinde kubhekwe ukuthi zizifakile yini izifonyo ukuze kunqandwe ukubhebhethaka kwegciwane le-Covid-19. ✓✓

(2)
[30]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO****UMBHALO C**

AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU OWABEKE NGAMAGAMA AKHO	
1	Udlame lwasekhaya yinto evamile eyenzeka nsuku zonke emindenini eminingi.	1	Udlame lwasekhaya sekuyinto ejwayelekile eyenzeka mihla namalanga emizini eminingi.
2	Abantu besilisa nabo bayaba izisulu zalokhu kuhlukumezeka.	2	Abesilisa nabo bayahlangabezana nezimo zokuhlukunyezwa emakhaya.
3	Izisulu zabesilisa nabesifazane zibhekana nokugxekwa ngokwesiko.	3	Amadoda nabesimame abahlukumezekile babukwa njengabantu abahlulwa isiko.
4	Akulula ukuphuma ebudlelwaneni noma ngabe uhlukumezeke kangakanani.	4	Kunzima ukuhlukana kwabantu abayizithandani noma ngabe baphethene kabi kangakanani.
5	Abahlukunyezwayo abalutholi usizo ngokushesha ikakhulukazi kubantu abasondelene nabo.	5	Kuthatha isikhathi eside ukuthola usizo ngisho nasezihlobeni.
6	Nakuba kusuke kulwa abantu abadala kodwa nezingane ziyawathola amachaphazelo okuba yizisulu zodlame lwasekhaya.	6	Yize kusuke kuxabana abazali izingane ziyathinteka ngandlela thize zigcine sezingene shi odlameni lwasekhaya.
7	Udlame lwasekhaya luba nemiphumela engemihle ikakhulukazi kwabesifazane nezingane.	7	Mibi imiphumela edalwa udlame lwasekhaya ikakhulukazi empilweni yabantu abangenamandla okuzivikela.

Udlame lwasekhaya sekuyinto ejwayelekile eyenzeka imihla namalanga emizini eminingi. Abesilisa nabo bayahlangabezana nezimo zokuhlukunyezwa emakhaya yize noma bengavamile ukuphumela obala. Akugcini nje ngokuthi abantu abangamadoda nabesimame bahlukunyezwe kodwa baze babukwe njengabantu abahlulwa isiko. Kunzima ukuhlukana kwabantu abayizithandani noma ngabe baphethene kabi kangakanani. Kuthatha isikhathi ukuthola usizo uma ubika ukuhlukunyezwa ngisho nasezihlotsheni. Yize kusuke kuxabana abazali izingane ziyathinteka ngandlela thize zigcine sezingene shi odlameni lwasekhaya. Mibi imiphumela edalwa udlame lwasekhaya ikakhulukazi empilweni yabantu abangenamandla.

Amagama [73]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ANNEXURE A**Indlela yokumaka ukufingqa**

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
 - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
 - Amamaki ama-3 awolimi.
 - Amamaki esewonke: 10.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
 - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
 - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
 - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
 - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
 - 4–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.
 - 2 -3 acashuniwe, nikeza amamaki amabili.
- **Ukubalwa kwamagama:**
 - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
 - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.

QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

UKUMAKWA KWESIQEPHU C

- Isipelingi:
 - Impendulo eyigama elilodwa mayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
 - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha ezakhiweni zolimi okubuzwe ngalo.
 - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanelekile.
Isb: Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanele kulandelwe uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
C / Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3**

- 3.1 Kukhangiswa ibhange i-Page elibolekisa ngemali. ✓ (1)
- 3.2 Umbhali walesi sikhangisi uthi abantu abangabi iziqgila zezikweletu kodwa uyabanxena/uyababonisa ukuba bazoboleka imali. Kuyindida lokhu ngoba le mali ngeke abaphe futhi bazoyikhokhela isinenzalo. ✓✓ /
Kukhona indida ngokuthi uyanxenjwa ukuba uzoboleka imali ukuze ukhokhele izikweletu kodwa ngakolunye uhlangothi ukhuthazwa ukuyeka zona izikweletu. ✓✓ (2)
- 3.3 Kusetshenziswe umuntu wesifazane omuhle omamathekayo ongakwenza uzizwe ukhululekile/wamukelekile/ube nethemba lokuthi uzoyithola le mali ofuna ukuyiboleka. /✓✓ (2)
- 3.4 Ukusetshenziswa kombuzombumbulu “udinga imalimboleko esheshayo?” kunomphumela omuhle ngoba lowo odinga imali ngokushesha kumele axhumane nebhangi lakwa-Page ukuze aphume ezikweletini. ✓✓ (2)
- 3.5 C/ Ingcanga.✓ (1)
- 3.6 Indlela yokukhangisa isetshenziswe kahle ngoba kunebhodi elinezilwane ezitholakala esiqiwini kwase kubhalwa ngefonti engamagama amakhulu agqamile namancane ukuze nomuntu odlula ngendlela abone okukhangiswayo. Igama, “Namukelekile!” lichaza ukuthi wonke umuntu wamukelekile; akubhekiwe iminyaka ukuze nomuntu odlula ngendlela abone okukhangiswayo. ✓✓ (2)

[10]**UMBUZO 4: UKUQONDISISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA**

- 4.1 Izibiyelo ezikule khathuni ziyimicabango. Okusho ukuthi konke okwenzeka kule khathuni kusukela kokucatshangwe umlingiswa oyikati. ✓✓ (2)
- 4.2 Umuzwa owethulwa okwenzeka kufreyimu yesi-3 owokudangala / wokudumala / wokwethuka / wokukhathazeka✓ ngoba akazi ukuthi uzoziphendulela athini kumama uma embuza. ✓ (2)
- 4.3 Lihambelana kahle ngoba igama ukunkonkoloza lisho ukuphuza mawala ufuna ukuqeda ngokushesha njengoba umlingiswa ekuvezile efreyimini yokuqala ukuthi womile kakhulu. ✓✓ (2)
- 4.4 Balushiyele futhi luningi impela/ Balushiyele, luningi impela. ✓✓ (2)

- 4.5 Umlingiswa efreyimini yesi-4 ubuka ingilazi eduze kwakhe futhi uyazisola ngesenzo sakhe. Ufikelwa ithemba lokuthi nakuba ebulele ingilazi kodwa umama angeke athethe kakhulu isekhona enye. $\sqrt{\sqrt{}}$ / Singabantu siyawenza amaphutha empilweni kodwa sisenalo ithuba lesibili lokulungisa kubuye ithemba. $\sqrt{\sqrt{}}$ (2)

[Nezinye izimpendulo ezinembayo]

[10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

- 5.1 Inyathuko /√ (1)
- 5.2 Ukusuka endaweni owazalelwa kuyona kudala izinkinga eziningi. √√ (2)
(Imisho iyokwehluka)
- 5.3 Liyalandisa √ (1)
- 5.4 Umuntu omdala uyasho ukuthi ukuwa komunye umuzi ukuvuka komunye/
Umuntu omdala uyasho... √√ (2)
- 5.5 Isalukazana√ Ngisithengele isipho sokuzalwa isalukazana sami. √ (2)
[Neminye imisho enembayo]
- 5.6 Ungazithola usushaywe ngemfe iphindiwe uma ucabanga ukuthi iGoli uyalazi.√√ (2)
[Neminye imisho enembayo]

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70